IziNtshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

23/2015 Intshumayelo ngesonto elithiwa Kwasimodogeniti, ngomhla ka 12. 04. 2015

Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele.

Izwi elongamela lolusuku, lilotshiwe ku-1 Petru 1:3, lithi: **"Makabongwe uNkulunkulu uYise weNkosi yethu uJesu Kristu owabuye wasizala kabusha ngokwesihawu sakhe esikhulu ukuba sibe-nethemba eliphilileyo ngokuvuka kukaJesu Kristu kwabafileyo."**

1. Iculo 113/95 120/103

2. **Umkhuleko:** Nkosi enhle, Mfeli wethu! Mawudunyiswe wena ngokuvuka kwakho nangokunqoba ukufa. Siyabonga ukuthi wasivulela indlela yokuphila ngokwahlula amandla okufa. Hamba nathi siphile ngawo lamandla akho, futhi sikholwa ukuthi nathi siyakuba nawe eParadisi lakho ngakho ukuvuswa nguwena kokwethu ukufa. Amen.

3. Izwi leTestamente elidala lilotshiwe kuHezekiele 34:1-16.31;

   Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe ku-1 Petru 1:3-9

   Ivangeli ngohlelo lwesithathu lilotshiwe ku-Johane 21:1-14;

4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...

5. Iculo 114/96

6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo

7. Ivangeli ngohlelo lokuqala lilotshiwe kuJohane 20:19-29, lithi: "Kwathi-ke kusihlwa ngalolosuku, olokuqala lweviki, iminyango ivaliwe lapho abafundi bekhona ngokwesaba abaJuda, uJesu wafika wema phakathi kwabo, wathi kubo: Ukuthula makube-kinina. Eseshilo lokho wabakhombisa izandla nohlangothi lwakhe. Base bethokoza abafundi beyibona iNkosi. Khona uJesu wabuye wathi kubo: Ukuthula makube-kinina. Njengokuba uBaba engithumé mina, nami ngiyanithuma nina.

Kwathi ukuba asho njalo, wabaphephetha, wathi kubo: Yamukelani uMoya oNgcwele. Enibathethelela izono zabo bathethelelwe; nenibabamba ngazo babanjiwe. Kepha uTomase, omunye kwabayishumi nambili, othiwa uDidimu, wayengekho kubo mhla efika uJesu. Ngakho-ke abanye abafundi bathi kuye: Siyibonile iNkosi. Kepha wathi kubo: Uma ngingaboni ezandleni zayo inxeba lezipikili, ngifake umunwe wami enxebeni lezipikili, ngifake isandla sami ohlangothini lwayo, angisoze ngakholwa. Emva kwezinsuku eziyisishiyagalombili abafundi bakhe babesendlini futhi, uTomase enabo. UJesu wafika iminyango ivaliwe, wema phakathi kwabo, wathi: Ukuthula makube-kinina. Wayesethi kuTomase: Zisa lapha umunwe wakho, ubone izandla zami; zisa isandla sakho, usifake ohlangothini lwami; ungabi-ngongakholwayo kodwa okholwayo. UTomase waphendula, wathi kuye: Nkosi yami, Nkulunkulu wami! UJesu wathi kuye: Ngokuba ungibonile, ukholiwe na? Babusisiwe abakholwa bengabonanga." Amen.

8. Intshumayelo: Bandla elithandekayo leNkosi uJesu! Sisabakhumbula abafundi ababezivalele endlini ngobusuku bokuvuka kweNkosi. Nakuba babengekho ngasesiphambanweni ayebethelwe kuso, bezwa ukuthi uJesu wayesefile. Umzimba ka-Imanuweli, iNkosi uJesu ongasenamphefumulo wawususongwe ngezindwangu wabekwa elibeni.

Kulindelekile ukuthi abafundi ngenxa yalokhu babedidekile ezinhliziyweni zabo, futhi singabazwela ngakho. INkosi yabe ithweswe icala, yashaywa, yadelelwa, yakhafulelwa, yalinyazwa, yaze yabethelwa! Usizi olunzima lwaluphezu kwabo. Babengeke basikhohlwe lesisehlakalo, nokuthi yathi iNkosi ibadinga kakhulu bona bayihlamuka babaleka bazifihla ebumnyameni bomhlaba. Babezizwa benecala, kuba sengathi ilanga alisakhanyi nokuvunguza komoya kufana nesahlulelo esibuhlungu sikaNkulunkulu phezu kwabo. Kwakubonakala kuyibona ababezolandela ekubulaweni ngesihlungu afa ngakho uKristu, iNkosi yabo. Babebanda izibilini wukwesaba.

Besathukile bezisola benjalo kwafika umbiko ngeliba elalingasenalutho—izingelosi zimemezela ukuvuka kwabafileyo, kucatshangwa ukuthi umlindi-nsimu usithathile isidumbu seNkosi, kuthiwa kunomuntu owebe isidumbu seNkosi—amahlebezi ngaso

athi omunye wabafundi kuJesu: "Wena uyisihambi yini eJerusalema, nguwe kuphela nje umuntu ongazazi izinto ezenzakeleyo khona kulezizinsuku?" (Luka 24:18)

Yizenzo lezi ezifanele ukuqinisa amakholwa ngoba zishumayela ukuthi: INkosi iphakathi kwabantu bayo. INkosi ikhona, futhi iyafika emhlabeni wethu. Siyayibona iziveza phakathi kwezindlu evalelwe ngaphandle kuzona. Yebo, kubantu abayivalela ngaphandle kwezimpilo nezinhliziyo zabo iyafika, ingqongqotha emnyango wakhona. Kungahle kusethuse ukuzibonakalisa kwayo, kodwa okukhulu nokusikhangayo wukuthi izivalo ezihluthulelwe zingeyivimbe ukuthi ingene ngaphakathi. Izinhliziyo eziqine njengekaFaro waseGibhithe aziyehluli ukuthi izivule nge ingene ngaphakathi. Kuyisimanga engakwenza ngoMoya wayo, nangesihluthulelo esikhulu soMbuso wayo weZulu.

Ukwethuswa yilesisenzo seNkosi kwenzeka kumuntu onhliziyo nomphefumulo wakhe usindwa ngunembeza. Abafundi bebelindeleni ekuzivezeni kukaJesu? Khumbula, babemshiyile balandela amandla obumnyama kaSathane, balala futhi kunokuthi balinde naye eGetshemane. Baphikisana ngokuthi ngumuphi kubo ongomkhulu, futhi abamkhulumelanga nangobusuku akhashelwa ngabo. Wamsinda unembeza uPetru, inhliziyo yashaya ngokwesaba lapho iqhude selikhala ngokwesithathu noJesu esembheka.
Babethukile abafundi belokhu bendawonye bezivalele. Ingabe uJesu wayezothini kubo? Ukuthula makube nani! Ukuthula makube nani? Bandla leNkosi, kukaningi sihlubuka kuNkulunkulu, sishiya intando yakhe, singalindi naye, sifuna ukuzenzela ngokwethu, singabaza amandla akhe okusiza, sithatha ngokuthi akaqondi lutho, singakholwa nguye eZwini lakhe, kukaningi! Ingabe likhona ithemba ngabantu abenze ihlazo elinje kuye, abamethuke ngamazwi kanje, abambophela uzungu, abamfisela ububi emaphusheni nasemicabangweni yabo na? Lapho inhliziyo yesaba ngenxa yesono, amehlo ekhophoza ngokwenzela-phansi iNkosi yethu, ingabe likhona nje ithemba lokuthi nathi singezwa elinye izwi kungelona elisilahlayo? Mzalwane othandekayo, uJesu uthi: Ukuthula makube nawe! (19)

Ukuvuka kwabafileyo akuyona nakancane impica-badala. Baningi abathi iNkosi ayivukanga, bethi umzimba wayo owase ufile awubuyanga wahlangana

nomphefumulo waphila, kodwa bethi ukuvuka kwakhe kwaba yimicabango nje yabafundi. Nabafundisi abathile, ngisho naphakathi kwethu kuleliBandla lamaLuthela abanaso isibindi ngokushumayela iNkosi evukile. Abaqinisi ukushumayela ukuthi abafileyo nabo bayovuswa njengayo iNkosi, ngosuku lokugcina. [UPawulu uyasikhalela kamuncu uma ithemba lethu ngokuvuswa kwabafileyo lingelilufifi (1 Kor. 15:19). Uthi singabokukhalelwa kunabantu bonke.]

Kuhle ukuthi kulokho iNkosi yethu ehlala nathi ibe yinduduzo enkulu kithi. UJesu ovukile kwakunguye nya iNdodana kaMariya noJosefa, oThandekayo kaNkulunkulu, wayengesipoki noma umungcwi. Wababonisa abafundi izandla nohlangothi lwakhe ezazinamanxeba. UKristu ovukile nguKristu owayebethelwe. UKristu owayebethelwe, ovukile, ophilayo, ukhona uyaphila phakathi kwabantu bakhe. Indaba emnandi kangaka! Manje iletha-ni? Ngokwetekisi lethu, abafundi bajabula lapho beyibona (20:20). Thina? Uma ifika kithi senze-njani?

Njengoba uJesu wayethunyiwe nguBaba futhi esefikile emhlabeni, nathi siyathunywa ukuya lapho sithunywa khona nokwenza esikuthunyelweyo. Yena wathunyelwa ukuba yisikhonzi nokuba ngufakazi ofakazela iqiniso. Nathi sithunywe kanjalo. SingamaKristu asibi negqabho, nokuzazisa, nokufutheka futhi asibeki lokhu phezu kwabanye sibalahla. Kunalokho siyazithiba, siyaziqaphela ngokwezwi leNkosi, simnene, siyizikhonzi kwabanye, futhi sinenhliziyo ephendukayo ngobubi nezisolayo ngabo. Sithunywa yiNkosi yethu ukuthi sixolele abanye lapho bezisola kithi ngokube kwabo, futhi ngomyalo weNkosi sibaxwayise ngokulahlwa abangazimisele ukuphenduka.

Abafundisi babiziwe yiBandla ukulikhonza ngalenkonzo yezihluthulelo zoMbuso kaKristu. Lokhu kusemqoka kakhulu kabi, njengoba sikuzwa uma umfundisi ememezela intethelelo.

UThomase ngumuntu onjani na? (25). UThomase usifundisa ngathi uqobo lwethu: wena nami. Asikayiboni ngamehlo enyama iNkosi nokho siyakholwa thina kuyona. Kungumusa omkhulu kaNkulunkulu noMoya oNgcwele asebenza ngawo kithina nangeZwi lakhe leVangeli, enzela ukuthi sikwazi ukukholwa nokuvuma sithi uJesu uyiNkosi!

Njengoba iNkosi uJesu weza emhlabeni ngendlela ekhethekile, ngokuzibonakalisa kwakhe ebusisa inhlangano yabafundi bakhe ngaloluya-suku avuka ngalo, nathi usibusisa kanjalo namuhla siyibandla lakhe. INkosi ehlala phakathi kwabantu bayo siyazi ngokusabela kwayo iSidlo sayo esiNgcwele. Kubafundi bayo nakithina ithi: "Lo ngumzimba wami; leli yigazi lami." KulesiSidlo asemukeli amawongowongo nje esizifisela wona. Ikhona ngokweqiniso iNkosi, ngawo umzimba wayo nangalo igazi layo; futhi lokho ikwenza ngawayo amandla, akwenziwa wukwenza kwethu. Sikholwa noma singakholwa, uJesu yena uziveza kanjalo kithina ukuze isethembiso sakhe kithina singaweli phansi.

Lawa-mazwi ayinkuthazo kithina. Makasihlalise kuwona uNkulunkulu nakuyo inhlanganyelo-naye, asibophe sonke ngebhande eliwukuthula. Ukuthula kwakhe okudlula ukuqonda kwethu makube nathi njalo. Amen

9. **Umkhuleko:** Nkosi Jesu Kristu! Usivusile ekufeni kokungakholwa. Siyacela kuwe usihlalise nawe ethembeni lokuthi uSathane nezwe nenyama yethu kuhluliwe nguwe, akusenakusivimba endleleni yethu eya ekuphileni kwaphakade. Siphe lokhu-kukholwa, uhlale nathi ngokuthula kwakho. Amen. Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo 112/94

Ukuthula kukaNkulunkulu okudlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyo zenu nemicabango yenu kuKristu Jesu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-2009 ngu-M. N. Mntambo.

Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.